**IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Isivivinyo sokuqondisisa | (30) |
| ISIQEPHU B: | Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: | Uhlelo nokusetshenziswa kolimi | (30) |

2. Fundisisa YONKE imiyalelo ngokucophelela.

3. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.

4. Qalisa isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA.

5. Hlukanisa ngokudwebela emuva kwesiqephu.

6. Bhala izinombolo njengoba zisetshenzisiwe ephepheni.

7. Yeqa umugqa emuva kombuzo ngamunye.

8. Qaphela isipelingi kanye nokwakhiwa kwemisho.

9. Ungasebenzisa isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | Imizuzu engama-50 |
| ISIQEPHU B: | Imizuzu engama-30 |
| ISIQEPHU C: | Imizuzu engama-40 |

10. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo.

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

## UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA

1.1 Fundisisa UMBHALO A ubuye ubukisise NOMBHALO B ongezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO A (OFUNDWAYO)**

### AMAQEMBU EZIGELEKEQE

1 Amaqembu anhlobonhlobo ezigelekeqe ayinkinga ekhungethe imiphakathi eminingi yakuleli laseNingizimu Afrika. Lo mkhuba ugqame kakhulu entsheni esafunda naleyo eyahlulwa yisikole. La maqembu anomthelela omubi kakhulu kubantu, emindenini kanye nasemiphakathini.

2 Ziningi izinto ezenza kube namaqembu ezigelekeqe emphakathini. Izinga eliphezulu lokungasebenzi, izingane ezihlala zodwa kanye nokungahlalisani kahle kwabantu bezinhlanga ezahlukene. Konke lokhu kungaba imbangela yokusunguleka kwamaqembu ezigelekeqe. Imvamisa amalungu omphakathi asekhulile ayizigelekeqe, asebenzisa abantu abasha ukufeza izinhloso zawo. Abaheha ngokubathengela izingubo zokugqoka ezinamagama, abanikeze imali kanye nokubavikela bona nemindeni yabo ikakhulukazi labo abahlala ngabodwana. Lokhu kwenza kube nzima ukuba amaphoyisa ababophe abasunguli kanye nabaphathi bala maqembu.

3 Abafundi abazibandakanya namaqembu ezigelekeqe bangagcina bengenalo ikusasa eliqhakazile. Bangahluleka ukuphumelela ezifundweni zabo ngenxa yokuphutha njalo esikoleni nokungabi nesikhathi esanele sokufunda kanye nokubhala imisebenzi abayinikezwa ngothisha. Umfundi uphenduka inyamazane yamanye amaqembu, alale obenyoni. Abanye bayaboshwa babhadle ejele iminyakanyaka ngenxa yamacala abawenza bekula maqembu. Bangazithola besengcupheni yokubulawa umphakathi. Kwesinye isikhathi basala enkundleni ngenxa yokubambana ngezihluthu phakathi kwawo la maqembu abakuwona. Bayisibonelo esibi emindenini nasemphakathini abahlala kuyo ngoba ezinye izingane ezingothathekile zingabukela kubo.

4 Okubi kakhulu ukuthi abanye abantu bayaye babe ingxenye yala maqembu ngenjongo yokuba ngosaziwayo. Ungaba usaziwayo kanjani ube ugila imikhuba, uhlupha umphakathi, ugqekeza, udlwengula ubuye udle nezidakamizwa? Lafa elihle kakhulu! Lesi senzo sithunaza isithunzi sabazali futhi senza ukuba babe **nyamanambana kwabanye abantu**. Akubi nenqubekela phambili nentuthuko ebonakalayo emphakathini ngenxa yalaba bantu abambalwa. Abazali balezi zigelekeqe bagcina bebukeka njengezahluleki zabazali.

5 Imindeni yalabo abakulawa maqembu ezigelekeqe iyahlukumezeka ngendlela emangalisayo. Umphakathi uyaye uyibhekise kuyo inzondo ngenxa yezenzo zezingane zayo. Uye ucabange nokuthi abazali banesandla ngokuziyekelela zibe umhlambi kazelusile. Eqinisweni abazali nemindeni eminingi bayazama ukukhuza izingane zabo kodwa kuba nhlanga zimuka nomoya. Ayikho into ebuhlungu njengokuthi uma ungumzali wamukele ukuthi ingane yakho ingusikhwili phambana nobhoko. Abanye abazali bagcina sebenezifo ezinhlobonhlobo ngenxa yengcindezi ehambisana nokungaziphathi kahle nokungalaleli kwezingane zabo. Akulula-ke ukutakula ingane kulolu bishi. Eminye imindeni igcina ilahlekelwe impilo yayo idutshulwe noma igencwe ngocelemba ingenzanga lutho.

6 Izikole yizindawo eziyaye zithinteke kakhulu kule nkinga yamaqembu ezigelekeqe. Kuyenzeka umfundi athungathwe elinye iqembu lingamtholi bese lakha itulo lokuyomhlasela esikoleni. Lokho kuyazihlukumeza ezinye izingane ngoba amaqembu ayaye afike ehlome eyizingovolo asabise othisha kanye nabanye abafundi. Izikole sezaba indawo engenakho ukuphepha. Sekunezigameko eziningi ezibikwa imithombo yabezindaba eyahlukene mayelana nabafundi ababulawelwa noma balinyazelwe khona ezikoleni. Angisayiphathi-ke eyokusatshiswa kothisha ngoba umfundi ethembe iqembu lakhe. Kwesinye isikhathi kuba nzima ukuthi othisha bahlale ezindaweni lapho izikole abafundisa kuzo zakhiwe khona ngoba besabela ukuhlukunyezwa kwemindeni yabo ikakhulukazi izingane zabo. Lokhu kwenza kube ngumqansa ukusebenza nalolo hlobo lwabafundi ngoba lufuna ukwenza umathanda nasemagunjini okufundela.

7 Ukwanda kobugebengu endaweni kwenza umphakathi uzithole usukhinyabezeka kwezomnotho nasentuthukweni esuke ihleliwe. Lokhu kudalwa ukuthi imali eningi iqulelwa ezinhlelweni zokulwa nobugebengu obuhlobene namaqembu ezigelekeqe. Amalungu omphakathi athwala kanzima, agcina ephoqeleka ukwamukela impilo engenayo intuthuko kanye namathuba ezomnotho amfimfayo. Abanamakhono nezifundiswa zendawo bagcina beyifulathele leyo ndawo ngoba besabela ukuphepha kwabo. Bakhetha ukufudukela kwezinye izindawo unomphelo. Kwesinye isikhathi ngisho nabantu ababefike benentshisekelo yokuphucula lowo mphakathi abavela kwezinye izifundazwe bayaye badikibale bababambe abeza ngayo. Abatshali zimali nabamabhizinisi bavele baqome ukuhambela kude. Ingqalasizinda yendawo iyalimala ngoba kwesinye isikhathi kunqanyulwa izintambo zezingcingo nezikagesi ukuze benze imisebenzi yabo yobumnyama.

8 Ithemba alibulali. Likhona iqhaza elingabanjwa izinhlaka ezahlukene zomphakathi ukunqanda lesi sihlava. Kungabanjiswana ngokuthi kusungulwe amakomidi azoqapha ngeso lokhozi ezindaweni ezahlukene.

Leli thimba lingabandakanya amalungu omphakathi, amaphoyisa, othisha, abafundisi bezenkolo, abeluleki bezengqondo kanye nabasebenzi bezenhlalakahle. Ukuqeqeshwa kwamakomidi nokubamba imihlangano yomphakathi kungalekelela ekunqandeni lo mkhuba. **Abanye abantu asebake baboshwa ngenxa yokuba ingxenye yamaqembu ezigelekeqe kodwa asebaphuma kuwo nabo bangawenza umehluko.**

[Icashunwe kuwebhusayithi yabuye yahunyushwa]

1.1.1 Shono ukuthi umkhuba wokuzibandakanya namaqembu ezigelekeqe uvame kobani. (1)

1.1.2 Gagula OKUBILI okungadala ukuba kube namaqembu ezigelekeqe emphakathini. (2)

1.1.3 Hlanganisa ulwazi olufanayo oluqukethwe yisigaba sesi-6 kanye nesigaba sesi-7. (3)

1.1.4 Chaza kafushane isu elisetshenziswa izigelekeqe esezikhulile ukulutha intsha ekutheni ibe yingxenye yamaqembu azo. (2)

1.1.5 Khetha impendulo enembayo kulezi ezilandelayo.

Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile esigabeni sesi-4 sichaza uku …

A thandeka kwabanye abantu.
B ngathandisiswa abanye abantu.
C chwenswa abanye abantu.
D duma kwabanye abantu. (1)

1.1.6 Okwenziwa abazali njengoba kuveziwe emagameni adwetshelwe esigabeni sesi-5 kungagcina kunamphumela muni? (3)

1.1.7 Kungaba namthelela muni emphakathini ukunqanyulwa kwezintambo zikagesi nezezingcingo ngamaqembu ezigelekeqe? (2)


1.1.8 Ucabanga ukuthi yiziphi ezinye izinto ezingadalulwanga esiqeshini ezingaba yisisombululo ekunqandeni ukusungulwa kwamaqembu ezigelekeqe? (2)

1.1.9 Hlaziya ubuqiniso besitatimende esibhalwe ngokugqamile esiphethweni salesi siqephu. (2)

1.1.10 Ungayixwayisa uthini intsha ngobungozi bokuba yingxenye yala maqembu ezigelekeqe? (2)

1.2 Bukisisa lezi zithombe ezingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO B (OBUKWAYO)**




[Zithathwe ku-Inthanethi]

1.2.1 Chaza okwenzeka esithombeni soku-1. (2)

1.2.2 Nikeza UMEHLUKO oqukethwe yisithombe sesi-2 kanye nesithombe sesi-3. (2)

1.2.3 Qhathanisa umqondo oqukethwe yisigaba sesi-3 esikuMBHALO A kanye nesithombe sesi-4 esikuMBHALO B. (4)

1.2.4 Bhala okungaba yisiphetho salokhu okwenzeka esithombeni sesi-4. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

## UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO

Lesi siqeshana esilandelayo (UMBHALO C) sikhuluma ngezinto okumele uziqaphele uma ufaka isicelo sethenda. Fingqa ukhiphe amaphuzu ongacebisa ngawo abantu abanesifiso sokuthola amathenda.

**IMIYALELO:**

1. Amagama akangeqi kwangama-80.
2. Fingqa ngesigaba.
3. Ungabe usasibhala isihloko uma usufingqa lesi siqeshana.
4. Bhala inani lamagama owasebenzisile ekugcineni kwesiqeshana osifingqile.

**UMBHALO C**

### IZINTO OKUMELE UZIQAPHELE UMA UTHOLA ITHENDA

Uhulumeni wakuleli unikeza osomabhizinisi abasafufusa ithuba lomsebenzi ngokubanikeza amathenda eminyangweni eyahlukahlukene. Nakhu okumele ukuqaphele uma ufuna ukufaka isicelo sethenda.

Amathenda ahleze ephuma emaphephandabeni ahlukene masonto onke. Qinisekisa ukuthi ithenda oyibhalelayo isemthethweni ibhalisiwe futhi inenombolo yelayisensi. Kuye kukhishwe uhlu lwezinombolo zabantu ongabathinta ocingweni uma unemibuzo emayelana nethenda. Lokho kunikeza isiqiniseko sokuthi leyo thenda isemthethweni, akuyona eyomgunyathi. Phela nezigebengu zisizakaliswa ukuthi abantu abaningi abasebenzi baluthwa wubala ngenxa yobubha bese zisebenzisa leyo ntuba ukuqola izimali zabo.

Uma kukhishwa amathenda kukhishwa uhla lwemisebenzi edinga ukwenziwa kuleyo naleyo thenda. Iningi labantu liyesaba ukuzibophezela kuthenda ngoba lesaba ukuthi amathenda anemisebenzi enzima futhi enemibandela eminingi okumele ilandelwe. Khetha ithenda enomsebenzi ongakwazi ukuwenza ngesikhathi omiselwe sona. Uma wenze kanjalo ungasebenza ngokuzethemba nangempumelelo. Ibhizinisi lakho lingaziveza ukuthi lithembekile futhi kungalibeka nasethubeni elihle lokuthi lithole namanye amathenda esikhathini esizayo.

Akulula neze ukwenza umsebenzi oyithenda likahulumeni kodwa uma kwenzekile waphumelela, uhleka wedwa uma usuthola umvuzo. Kusuke kuyizinkumbi zabantu abazama inhlanhla yokuthola ithenda ngoba ingatholwa nanoma ubani osuke efake isicelo. Hambela umhlangano ochaza kabanzi ngethenda ukuze ungenzi amaphutha.

Thola izincwadi zezincomo kubantu osuke wabenzela umsebenzi bese uzithumela nesicelo sethenda lakho. Lezi zincwadi zizonikeza abahlungela ithenda isiqiniseko sokuthi umsebenzi owucelayo unekhono lawo futhi usuke wawenza ngempumelelo phambilini. Le ncwadi yezincomo isemqoka kakhulu ukuba yaziwe yisigungu esihlungela amathenda ngoba imisebenzi eminingi esuke izokwenziwa kule thenda ingabucayi, kumele yenziwe ngokucophelela futhi iqashwe ngeso lokhozi.

Iningi labantu abaphumelela ukuthola amathenda abawuqedi umsebenzi abasuke bewuqashelwe. Kwesinye isikhathi kushoda imali, kubaleke abasebenzi ngenxa yokungaholelwa kahle kugcine kulahleka izigidi zemali kubambezeleke nentuthuko yezidingo zabantu. Qaphela ukuthi ubala konke okuzofanele ukukhokhele uma kufanele uzibizele imali kuthenda ngaphambi kokunquma inani lemali ozoyibiza. Kungaba umqondo omuhle uma lokhu ungakwenzelwa umuntu onolwazi olunzulu ngezezimali ngoba inhloso yokwenza ithenda ukwenza inzuzo nokuthuthukisa ibhizinisi lakho.

Omunye umthetho osemqoka ngamathenda owokuthi kunikezwe labo ababencishwe amathuba ngaphambilini. Amathuba amaningi amathenda anikezwa labo ababencishwe amathuba kuqala abamnyama, abesifazane kanye nabaphila nokukhubazeka. Faka onke amaphepha abawafunile okungabalwa isitifiketi sentela, isitifiketi se-BBBEE. Lezi zitifiketi zizokubeka ethubeni elingcono kakhulu lokuba uphumelele ithenda uma isigungu esiqashayo sesikhipha izincomo zophumelele.

Bhala kudayari yakho usuku nesikhathi sokuvalwa kokuthathwa kwezicelo ukuze ungakhohlwa futhi ungashiywa yisikhathi esibekiwe. Ungakudembeseli lokhu ngoba ungazithola usuphunyukwa yiqatha emlonyeni. Isukamuva likholwa yizagila.

[Sicashunwe ku*Bona*, Febhuwari 2017 sabuye sahunyushwa]

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

## ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

### UMBUZO 3: UKUHLAZIYA ISIKHANGISI

Fundisisa lesi sikhangisi (UMBHALO D OFUNDWAYO NOBUKWAYO) bese uphendula imibuzo ezolandela.

### UMBHALO D (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)




[Sicashunwe ku*Drum*, Septhemba 2016 sabuye sahunyushwa]

3.1 Yamanisa isiqubulo kanye nesithombe sentokazi ekulesi sikhangisi. (2)

3.2 Chaza kafushane ukuthi kungani kusetshenziswe isithombe sikakotapheya kulesi sikhangisi. (2)

3.3 Ucabanga ukuthi igama elidwetshwelwe kulesi sikhangisi linabudlelwane buni nomuzwa ovezwa owesifazane osesikhangisini? (2)

3.4 Humusha ulimi, 'Yondla izinwele zakho …' olusetshenziswe kulesi sikhangisi. (2)


3.5 Ake uncome ukusetshenziswa kwefonti eyahlukene kulesi sikhangisi. (2)
**[10]**

**UMBUZO 4: UKUHLAZIYA IKHATHUNI**

Bukisisa UMBHALO E bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO E (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**

Bukisisa le khathuni engezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.




[Icashunwe ku-Inthanethi yabuye yahunyushwa]

4.1 Shono ukuthi okwenzeka kule khathuni kuvame ukwenzeka kuphi. (2)

4.2 Chaza kafushane ubuqiniso ngokwenzeka kule khathuni. (2)

4.3 Khetha impendulo enembayo kulezi ezilandelayo.

Igama elingumqondofana nelidwetshelwe ekhathunini lithi …

A ngiyakunxenxa.
B ngiyakucela.
C ngiyakutusa.
D ngiyakuphoqa. (1)

4.4 Kungabe amagama, 'Indawo yokuthula' anabudlelwane buni nesimo sobuso bendoda ekule khathuni? (3)

4.5 Phawula ngomyalezo odluliswa umdwebi wale khathuni. (2)
**[10]**

## UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO F**

**IMITHETHO YOKUHLABA**

Lusematheni kulezi zinsuku udaba lokubuyekeza imithetho elawula oMasipala olumayelana nokuhlaba ngoba kugcinwa isiko. Isigungu i-**South African Local Government Association** isiphakamise ukuthi le migomo ihlaziywe kabusha ukuze kubonakale ukuthi ayibabandlululi yini abantu abamnyama. Phela-ke iningi labo yibona **abagcina** amasiko abo ngokuhlaba izilwane uma benemicimbi ethile.

OMasipala banamandla okubeka umthetho begunyazwa uMthethosisekelo. Imithetho ekhuluma ngokuhlaba nokubulala izilwane yakhiwa kudala. Ku**ya**shiyana ngoMasipala kodwa enconywa kakhulu imithetho, ephasiswe uMkhandlu wakwaDukuza. Ikhuluma ngqo ngokuhlatshwa kwezilwane. Lokhu i-South African Local Government Assossiation izokusebenzisela ukusiza abanye oMasipala.

**Abantu abaningi abamnyama sebenemizi emadolobheni** okwenza kubaluleke kakhulu kunakuqala ukuchitshiyelwa kwale mithetho. Sebenesifiso sokuvunyelwa ukuthi bahlabe obekuyinto ebingenzeki phambilini. ISouth African Local Government Assossiation iyahambisana nemithetho evumayo ukuthi abantu bahlabe uma benemicimbi.

Kusekuningi okufanele kubhekisiswe ngaphambi kokuba le mithetho ichitshiyelwe ngoba i-SPCA eyinhlangano evikela izilwane ezifana namakati, amahhashi, izinkomo, izinja nezimbuzi kanye nezinye ayizibekile phansi nayo ngokulwisana nabantu abahlukumeza izilwane.

[Icashunwe ku*Bayede* 2016]

5.1 Nikeza isimo sokukhuluma esinomqondo ofanayo naleso esidwetshelwe emgqeni woku-1. (1)

5.2 Nikeza i-akhronimi yamagama abhalwe ngokugqamile atholakala esigabeni soku-1 umuga wesi-2 kuya kowesi-3. (1)

5.3 Phinda ubhale umusho otholakala emgqeni wesi-4 kuya kowesi-5 igama elibhalwe ngokugqamile seliqukethe umqondo wamandla. (1)

5.4 Shono ukuthi isakhi esibhalwe ngokugqamile emgqeni wesi-7 siqukethe mqondo muni. (1)

5.5 Phinda ubhale umusho otholakala emgqeni wesi-7 lapho isilandiso sesikhomba ukulandula. (1)

5.6 Tomula ibizoqoqa elitholakala esigabeni sesi-2 bese ulisebenzisa emshweni ozakhele wona ukuze kukhombise ukuthi incazelo yalo uyayiqonda. (1)

5.7 Emshweni obhalwe ngokugqamile otholakala emgqeni we-11. Khipha:

- Umusho omkhulu
- Umushwana okhonzile ochazayo (2)

5.8 Tomula amagama amabili ezilwane ahambisanayo atholakala esigabeni sokugcina bese uwasebenzise emshweni ozakhele wona esesebenza njengesimo sokukhuluma. (2)
**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 30**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha